## Isandulelo

Inhlangano yezokusakaza kuleli, i-SABC, ibuyekeza izinqubomgomo eziphathelene nokuhlela ezisebenzayo njengamanje. Abalaleli nabasebenzi bayizinhlangothi ezimbili ezisemqoka ze-SACB kwezibambe iqhaza. Le ncwadi ihlanganiselwe ukusiza lezi zinhlangothi ekubambeni iqhaza kule nqubo. Le ncwajana ihlinzeka ukubuyekezwa kwezinqubomqomo eziphathelene nokuhlela zamanje, ngokusebenzisa imibuzo ehambisana nezimpendulo kanye nokutomula amanye amaphuzu okuxoxwa ngawo kule nqubo yokubuyekezwa kwezinqubomgomo. Inhloso yala maphuzu ezingxoxo akukhona ukuvimbela inkulumompikiswano. Kunalokho ukuphawula ngawo wonke amaphuzu ezinqubomgomo kwamukelekile.

Izinqubomqomo eziphelele eziphathelene nokuhlela ziyatholakala esizindalwazini se-SABC esithi www.sabc.co.za, noma kunoma ngabe yiliphi ihhovisi le-SABC.

## Isingeniso

## Umbuzo: kungani i-SABC iba nezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela?

I-SABC, ngokweSigaba sesi-6(5) soMthetho Wezokusakaza (njengoba usuchitshiyelwe), kumele ihlanganise izinqubomgomo okuhloswe ngazo ukuqikelela ukuthi kuthotshelwa imithetho ye-ICASA yokuziphatha, kuthotshelwe futhi nemibandela yale nhlangano kanye nezimiso zoMthetho. Lezi zinqubomgomo kumele zihlanganise inqubomgomo ephathelene nezindaba, nezinqubomgomo zokwakha izinhlelo, eyezindaba zakuleli, eyezemfundo, eyezidingo zomhlaba wonke nokuvumeleka, neyezezilimi neyezenkolo.

## Umbuzo: Iyini inhloso yalezi zinqubomgomo eziphathelene nokuhlela?

Inhloso yalezi zinguquko ukusiza abasebenzi ababhekene nokuhlela ekuxoxisaneni ngezindaba ezinzima eziphathelene nokuhlela nasekuthatheni izinqumo ukuze – yize kunokuphikiswana ngakho ngesinye isikhathi – kwenziwe izinhlelo ezehlukile okumele zenziwe. Ngesikhathi kwenziwa lezi zinhlelo kumele kuqikelelwe ukuthi kugcinwa imigomo esezingeni eliphezulu ngokwezenkambo elungileyo nokuhlela. Okusemqoka ukuba izinqubomgomo zihlinzeke uhlaka oluzosetshenziswa ngabasebenzi be-SABC ekuthatheni izinqumo ngokumele kuqukathwe yizinhlelo esizethula ngobuchwepheshe esibusebenzisayo.

## Umbuzo: Ngabe lezi zinqubomgomo zisebenza ezinhlelweni zomsakazo nezikamabonakude kuphela yini?

Cha, ziphathelene nazo zonke izinhlelo ze-SABC, kanye nezinhlelo zabalaleli kuzwelonke nasemazweni omhlaba. Zisebenza kuzo zonke izidingo ezilethwayo. Akukhathelekile ukuthi zethulwa ngomsakazo noma ngomabonakude, ngokohleloxhumano, ngomqhafazo, ngomakhalekhukhwini, noma uma zikhiqizwa wumnyango we-SABC noma yinkampani ezimele.

## Umbuzo: Kuyini lezi zinqubomgomo ezibhekene nakho? Kungani?

UMthetho Wezokusakaza we-1999 (njengoba usuchitshiyelwe) uyalela i-SABC ukuba ihlanganise lezi zinqubomgomo ezilandelayo:

i. Ephathelene nokuhlela izindaba

ii. Eyokwakha izinhlelo
iii. Eyezinhlelo eziqukethe izindaba zakuleli
iv. Eyezemfundo
v. Eyezidingo zomhlaba wonke nokuvumeleka
vi. Eyezilimi
vii. Neyezenkolo

I-SABC ikhethe ukuzifaka zonke lezi zinqubomgomo ezingenhla, kulezi zinqubomgomo zamanje eziphathelene nokuhlela. Ngaphezu kwalokho kunesigaba esichaza lokho okuwumsebenzi wale nhlangano, okuhlanganisa imigomo esemqoka ye-SABC kwezokuhlela, imithetho ephathelene nokuhlela kanye nokwedlulisela ezokuhlela kwabaphezulu. Ngaphezu kwalokho, izinqubomgomo eziphathelene nokuhlela zigunyaze abemikhakha ehlukene ukuba bahlanganise izinqubomgomo ezibhekana nezindaba ezithile ezivelayo. Kulokhu abezindaba ezisematheni nezinye izindaba bahlanganise zinqubomgomo ezilandelayo esezivunywe yiBhodi le-SABC:

- Imigomo ngokusetshenziswa kwabahlaziyi nabaphawuli
- Inqubomgomo ngokusakazwa kwemingcwabo ephethwe wumbuso
- Inqubomgomo yokuphatha amaqembu ezepolitiki ngokulinganayo` uma kunezinketho zikazwelonke

## Umbuzo: I-SABC izibuyekezelani izinqubomgomo eziphathelene nokuhlela?

Izinqubomgomo eziphathelene nokuhlela zithi izinqubomgomo kumele zibuyekezwe izikhathi ngezikhathi. Ngaphezu kwalokho, kusukela kwethulwa okokuqala izinqubomgomo eziphathelene nokuhlela ngowezi-2004, isimo sezokusakaza sesiguquke kakhulu, okube negalelo endleleni okuthathwa ngayo izinqumo ngokuqukethwe yizinhlelo. Lokhu kunomthelela ezinqubomgomeni eziphathelene nokuhlela, kanti ukubuyekezwa kwazo kumele kuqinisekise ukuthi izinqubomgomo eziphathelene nokuhlela ziyaziveza lezi zingququko, okuthi uma kwenzeka kube kuvumela abasebenzi ukuba bakwazi ukwenza umsebenzi wabo wokusakazela umphakathi.

## Umbuzo: Kwenziwa kanjani lokhu kubuyekeza?

Izinqubomgomo zokuqala zaba umphumela wezinyanga eziningi zokubonisana. Lokhu kubuyekeza kuzolandela inqubo efanayo – inqubo

ezobandakanya kakhulu abasebenzi be-SABC namalungu omphakathi. Kuzoba khona izithangami zokubonisana nomphakathi kuleso naleso sifundazwe, kanti izethameli zethu zizonikwa ithuba lokubamba iqhaza ngezinhlelo zomsakazo, zikamabonakude nangokusebenzisa ubuchwepheshe boxhumanokwamukelana obufana no-facebook nesizindalwazi se-SABC.

Ulwazi oselutholwe yi-SABC ngezinqubomgomo zamanje eziphathelene nokuhlela luzosiza kulokhu kubuyekeza. Okufundwe kwezinye izinhlangano ezisakazela umphakathi nakho kuzosiza. Iningi lalezo zinhlangano zinezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela noma imihlahlandlela yokuhlela.

## Ukubuyekeza: Amanye amaphuzu avamile

## Okwenziwayo:

Ekubonisaneni kokuqala ngokubuyekezwa kwalezi zinqubomgomo, kwaba khona ukukhathazeka maqondana nokusetshenziswa okuqhubekayo kwezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela phakathi enhlanganwqeni ye-SABC. Kulokhu, kudingekile yini ukufaka izigatshana ezithile zomthetho othile kulezi zinqubomgomo eziphathelene nokuhlela, ngenhloso yokuqikelela ukuthi kwenziwa ezikushoyo nokuthi zisetshenziswa ngokufaneleyo kulo lonke ibhizinisi?

## Imali yezentengiso/Ukuphikisa ukusakazela umphakathi:

-SABC ingenisa imali ngendlela ehluke kakhulu enhlanganweni esakazela umphakathi: iyingenisa ikakhulukazi ngezentengiso, ngemisebenzi ejwayelekile yokukhangisa. Lokhu kusho ukuthi i-SABC ilawulwa yizinselelo ezehlukile emandleni ayo okusakazela umphakathi. Iningi lalezi zinselelo zinegalelo ngqo ekuthathweni kwezinqumo eziphathelene nokuhlela. Izinqubomgomo eziphathelene nokuhlela azisho lutho ngokulawulwa kwezentengiso nokusakazela umphakathi

– ngabe zikhona yini izindlela izinqubomgomo ezingakwenza ngazo lokhu?

## Intuthuko kwezobuchwepheshe:

Inqubekela phambili enkulu kwezobuchwepheshe izethameli ezibhekene nayo, ngokwezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela, yile:

- Ukukhula (okuqhubekayo) kwezizindalwazi nezinhlelokusebenza zohleloxhumano lomphakathi.
- Ukuguqukela ohlelweni lokusakaza olusebenzisa izinombolo olubizwa ngokuthi yi-digital transmission network, okuseduze ukuba kwenzeke, kusukwa kolokusakaza ngomoya olubizwa ngokuthi yi-analogue broadcast.

Izinhlelo ezibizwa ngokuthi ngama-Blog, ama-microblog, ama-content community nezinhleloxhumano zomphakathi yizona zinhlelo zemiphakathi izinqubomgomo eziphathelene nokuhlela ezizikhathaza kakhulu ngazo. Phakathi kwazo kunezindawo ezine okumele zinakwe, ngokwezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela.

## Ukubuyekeza:

- Ukusetshenziswa kwezizinda zezinhlelolwazi zomphakathi njengemithombo yolwazi, ikakhulukazi ngabezindaba. Lolu wudaba olunokuhlolwa kakhulu esigabeni sezisematheni nezinye izindaba, sezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela. Isigaba sezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela
- Ukusetshenziswa kwezinhleloxhumano zomphakathi ngabasebenzi be-SABC ngokwezikhundla zabo. Mhlawumbe kuzomele kwenziwe umehluko phakathi kwabasebenzi abasimo sabo emphakathini singenakwehlukaniswa ne-SABC nalabo abasimo sabo singenjalo.
- Ukusetshenziswa kobuchwepheshe be-SABC ukuqhakambisa izizinda zezinhleloxhumano zomphakathi nakho kudinga ukubuyekezwa
- Ukulawulwa kwezinhlelo ezikhiqizwa ngabasebenzisi bobuchwepheshe, njengokuphawula okulandela imigqa yamakhasi esizindalwazi kohlobo lwama-blog.

Nakuba igalelo likamabonakude osebenza ngezinombolo, i-Digital Terrestrial Television (i-DTT), lingakabonakali, lona lizoba nomthelela omkhulu kokuzoqukathwa ngumabonakude esikhathini esizayo. Kuzoba khona ukukhula komkhawulokwamukela okuzovumela ukusakazwa kweziteshi eziningi. Kuzomele kube khona ukulinganisa ngokuthi lezi zinguquko zizoba nalo yini igalelo kulezi zinqubomgomo eziphathelene nokuhlela. Ukwethulwa okuseduze kwe-DTT nakho kuyinqubomgomo elandelwayo, nokubuyekeza okulawulayo okumele kunakwe uma kubhekenwe nezinqubomgomo.

## Izinqubomgomo Zamanje: Okuwumsebenzi we-SABC

### *Umbuzo:Ithiniimigomoesemqokaye-SABCngokuphathelene nokuhlela?*

*Ukulingana* – I-SABC ihlinzeka wonke umuntu ngezinhlelo zayo ngazo zonke izilimi ezisemthethweni, kanti igqugquzela ukuba izidingo ezilethayo zifinyelele kubo bonke abantu.

*Ukuzimela ekuhleleni* – I-SABC ilawulwa wuMqulu wamalungelo ayo, okuwumqulu ovikela ukuzimela kobuntatheli nobuciko babasebenzi bale nhlangano, kanye nokuveza imibono ngokukhululeka, okuvikelwa wuMthethosisekelo.

*Ukwakha Isizwe* – TI-SABC igubha ubuzwe beNingizimu Afrika kanye namasiko ayo, ihlinzeke futhi izakhamuzi zaleli zwe ngolwazi eziludingayo ukubamba iqhaza ekwakheni intando yabantu.

*Ukwahlukana kwabantu* – I-SABC iveza ukwahlukana okukhona eNingizimu Afrika, ngokwezilimi, amasiko, izifundazwe nabantu, ngokusebenzisa izinhlelo zayo.

*Isithunzi somuntu* – I-SABC ihlonipha isithunzi sabantu bonke bakuleli, abazalwa naso, ibaveze benaso ngokwehlukana kwabo. Ayilusebenzisi ulimi noma imifanekiso eveza izinkolelo ezingelona iqiniso ngabantu, noma imicabango ebandlululayo ngeziwe, amasiko nobulili babantu bakuleli.

*Ukuziphendulela* – Ekwenzeni imisebenzi yabo ephathelene nokuhlela, abaphathi nabasebenzi be-SABC baziphendulela eBhodini le-SABC, okuyilona eliqinisekisa ukuthi le nhlangano ithobela okuqukethwe wuMqulu wayo wamalungelo.

*Ukubhobekelana* – I-SABC iyaqikelela ukuthi bonke ubudlelwano enabo nabaninimasheya, ababambiqhaza, abaphakeli bezidingo nomphakathi, bulawulwa yimigomo yobuqotho, ukuvuleleka nokubhobokelana.

### Umbuzo: Siyidingelani le migomo esemqoka ephathelene nokuhlela?

Le migomo, njengoba isuselwa emigomeni ekuMthethosisekelo — ihlanganisa

intuthuko, ubunye, ukwahlukana, ukungachemi ngokobuzwe, ukungachemi ngokobulili, intando yabantu nesithunzi somuntu — kanti imele lezo zinto abantu bakuleli abavame ukuzithatha njengeziyiqiniso. Ihlanganisa abantu

abehlukene ngokwepolitiki, ngokwezinhlobo zabo, ngokobuzwe nangokobulili, kanti noma uhlelo lwethu lokuthuthukisa isizwe lusanda kuqala, le migomo yiyona esiqinisayo njengesizwe. Enhlanganweni esakazela umphakathi le migomo iba yisisekelo sezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela.

### Ukubuyekeza: Imigomo Ephathelene Nokuhlela

- Ngabe le migomo ihlale ikufanele yini ukusakazela umphakathi esimeni sokuthuthuka?
- Ngabe ikhona yini imigomo engafakiwe? Ngabe ikhona yini imigomo ekhona manje okumele isuswe? Ngabe kukhona yini okuqukethwe yiyo okumele kuguqulwe?
- Ngaphezu kwamaphuzu abalulwe ngenhla, sikhona futhi isidingo semigomo okumele ichazwe isetshenziswe.

## Umbuzo: Ithini imithetho ephathelene nokuhlela?

Le mithetho ephathelene nokuhlela yahlanganiswa yiBhodi le-SABC ngonyaka we-1993, yabuyekezwa yaba yingxenye yezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela ngonyaka wezi-2003. Le mithetho ivela emigomeni esemqoka, kanti ngesikhathi ibuyekezwa ngonyaka wezi-2003, kwanakwa okwenzeka kamuva kwezomthetho. Ekubuyekezweni kwayo kwamanje le mithetho ephathelene nokuhlela inezigatshana zomthetho eziyishumi nanhlanu. Eziyisishiyagalombili zazo zibhekene nezisematheni kanye nezinye izindaba. Eziyisithupha ziqondene nayo yonke imikhakha, kanti ezimbili ziqondene nokwakha izinhlelo. Amaphuzu okukhulunywa ngawo kule mithetho ayadingidwa futhi ezigabeni ezifanele zezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela.

## Umbuzo: Kushoni 'Ukwedlulisela Kwabaphezulu'?

Ukwedlulisela kwabaphezulu kusho inqubo yokuzikhethela lapho abasebenzi bezindaba eziphathelene nokuhlela bebonisana khona nabaphathi babo nganoma ngabe yiziphi izinqumo eziphathelene nokuhlela abangenasiqiniseko ngazo. Uma kuba khona ubunzima ekudidiyelweni kohlelo nasekulawuleni ukuhlela, noma uma umdidiyeli wohlelo noma uma umhleli ogunyazayo engenasiqiniseko nganoma ngabe yini, kumele acele izeluleko kubaphathi bakhe. Le nqubo yokuzikhethela ukwedlulisela izinqumo kwabaphezulu iqhubeka ize ifinyelele esikhulwini esiphezulu, i-Group Chief Executive Officer (i-GCEO), ngokwesikhundla saso njengomhleli omkhulu. Le

nqubo yokwedlulisela izinqumo kwabaphezulu i-SABC iyibona njengendlela ehlomisa ngamakhono nekhulisayo nhlangothi zombili kubo bonke abasebenzi ababambe iqhaza. Inhloso yayo akukhona ukuguqula ukuthathwa kwezinqumo zisuke kwabaphansi ziye phezulu. Kunalokho kuhloswe ngayo, uma kunesidingo, ukweseka ukuthathwa kwezinqumo ngokuhlanganyela nokuziphendulela ngokubambisana kwezokuhlela – ikakhulukazi uma kubhekenwe nezinqumo ezinzima – kanye nokuqhakambisa ukuhambisana kwegama lale nhlangano nabasebenzi bezokuhlela. Inhloso yokwedlulisela izinqumo kwabaphezulu akukhona futhi ukuvimbela ukudidiyelwa nokusakazwa kwezinhlelo okuphikiswana ngazo noma eziphoqayo ukusakazwa. Kunalokho inhloso yakho ukwenza nokugunyaza lezo zinhlelo, okuhambisana nokugcinwa kwemigomo esezingeni eliphezulu yokuhlela neyenkambo elungileyo.

## Umbuzo: Zikhona yini izindaba okumele zedluliselwe kwabaphezulu?

Zikhona izindaba ezithile okuthi uma abasebenzi abahlelayo bebhekene nazo, bazithole bephoqelekile ukuzedlulisela kwabaphezulu. Lezi zindaba zihlanganisa izingxoxo nezigebengu noma nabantu abafunwa ngamaphoyisa, nokuveza abantu bukhoma kusetshenziswa amakhamera afihliweyo, ngenhloso yokuthokozisa abantu. Encwadini yezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela ziyishumi nane lezi zibonelo, okumele nakanjani zedluliselwe kwabaphezulu.

## Ukubuyekeza: Imithetho Ephathelene Nokuhlela Nokwedlulisela Izinqumo Kwabaphezulu

• Sikhona yini isidingo sokusho ukuthi yiziphi izimo lapho kuyimpoqo khona ukwedlulisela izinqumo kwabaphezulu? Uma kunjalo, ngabe uhlu olusencwadini yezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela lufanele yini? Ngabe kukhona yini okumele kwengezwe noma kususwe kulolu hlu?

• Ngabe kufanele yini ukuba i-Group Chief Executive Officer ibe nguMhleli Omkhulu? Uma kungenjalo ngubani obhekene nokuqukethwe ezokuhlela? Ukwenza kanjani lokho?

# Izinqubomgomo Zamanje: Ukwakha Izinhlelo

## Umbuzo: Yiziphi izinqubomgomo nemigomo elawula izindaba ezisakazwa yi-SABC?

• UMqulu Wamalungelo Ale Nhlangano
• Imigomo Esemqoka Ephathelene Nokuhlela Ye-SABC
• IMithetho Ephathelene Nokuhlela Yokusebenza Kwe-SABC
• Isibopho se-SABC sokuthobela umgomo wemboni, imithetho yokuziphatha kwabasakazi, elawulwa yi-BCCSA
• Isibopho se-SABC sokuthobela imibandela nemithetho yelayisense ye-ICASA

## Umbuzo: Ikhona yini imigomo esiza i-SABC ekwakheni izinhlelo?

Indlela ye-SABC ekwakheni izinhlelo iqondiswa yile migomo elandelayo:

• Izinhlelo zesekwa yimigomo esemqoka ye-SABC ngokuphathelene nokuhlela. Le migomo inethonya ekudidiyeleni, ekugunyazeni nasekuzitholeleni zonke izinhlelo zayo

• I-SABC iyazama ukwethula izinhlobonhlobo zolwazi, ezemfundo nezobumnandi ngezinhlobo zakho nangezimo ezehlukehlukene, lapho wonke umuntu ethola khona okuthile angakuthanda.

• I-SABC, njengenhlangano kazwelonke esakazela umphakathi, isebenzela ukukhuthaza ukuthuthukisa ukuvezwa kobunjalo baleli zwe. Ngakho-ke ibonisa amakhono akuleli, amasiko akuleli, kanti inhloso yayo wukwenza izinhlelo zaleli zwe.

• Inhloso ye-SABC wukuveza isimo sempilo yabantu bakuleli njengezakhamuzi zomhlaba, kanye nokwethula izinhlelo ezinhle kakhulu ezinokwethulwa ngamazwe omhlaba.

• Ngenxa yomlando wethu, nangenxa yokuthi iNingizimu Afrika iyingxenye ye-Afrika, i-SABC ikubona kuwumthwalo wayo ukuzama ukumela i-Afrika nezindaba zase-afrika ngokufaneleyo nangezindlela ezehlukehlukene

• Ilungelo lokukhuluma ngokukhululeka lisemqoka ezinhlelweni ze-SABC.

## Umbuzo: Kungani simelwe ukunikeza izexwayiso ezanele ngokuqukethwe yizinhlelo?

Izikhathi zezinhlelo ezihlelwe ngokucophelela kanye nezexwayiso noma

izeluleko ezifanele zenza umphakathi ukwazi ukukhetha zinolwazi ezifisa ukukuzwa nokukubona. Le nqubo ayisho ukuhoxiswa kwemisebenzi ye-SABC yokuhlela noma ngabe iyiphi indlela. Kunalokho iqinisa isiko lokuhlonipha ukukhuluma ngokukhululeka nelungelo lokwamukela nokwedlulisa ulwazi.

## Umbuzo: Zimpawu zini ezisetshenziswa njengezexwayiso?

Imithetho yokuziphatha kwezinhlangano ezisakazayo iyalela ukuba sinikeze abalaleli izexwayiso ezicacile ukuze bakwazi ukuzikhethela benolwazi lokho abathanda ukukubona nokukuzwa; noma lokho abathanda ukuba izingane zabo zikubone noma zikuzwe. Lokhu kubandakanya izinkomba zeminyaka yobudala (13, 16, 18), nezimpawu zokuqukethwe yizinhlelo – udlame (V); ukuvezwa ngokusobala kwezocansi (S); ubunqunu (N); ulimi olubi, okuhlanganisa isithuko (L); nobandlululo (P).

## Umbuzo: Kungani izinhlelo zezindikimba zabadala zisakazwa ebusuku sekulelwe?

Isikhathi okuboniswa ngaso izinhlelo eziqukethe izindikimba zabadala kumabonakude sibekiwe: 21:00 – 05:00. Ngaphambi kwalesi sikhathi izinhlelo ezingazifanele izingane akufanele ziboniswe. Lesi sikhathi sokuboniswa kwezinhlelo zabadala silawulwa yimithetho yokuziphatha kwezinhlangano ezisakazayo, kanti ukwephulwa kwayo kubhekwana nakho ngabe-BCCSA.

## Umbuzo: Ngabe kukhona yini ukwehlukaniswa kwezikhathi zokwethulwa kwezinhlelo yimisakazo?

Nakuba imthetho yokuziphatha kwezinhlangano zokusakaza ingasho lutho ngezikhathi iziteshi zemisakazo ezingasakaza ngazo izinhlelo zezindikimba zabadala, i-SABC igcina izwi elithi iziteshi akufanele zisakaze izinhlelo ezingazifanele izingane uma kuyizikhathi izingane ezingaba yingxenye enkulu yabalaleli bazo ngazo. Isibonelo, iziteshi kumele zazi ukuthi izingane zingawulalela umsakazo uma ziya noma zibuya esikoleni.

## Umbuzo: Ngenzani uma uhlelo lunesithuko?

Imithetho ithi ulimi olubi, oluhlanganisa isithuko nezinye izihloko ezingenazwelo ngokwezenkolo, akufanele lusetshenziswe ezinhlelweni ezenzelwe izingane. Ulimi oluhlambalazayo kumele lungasetshenziswa futhi kumabonakude

ngaphambi kwesikhathi sezinhlelo zabadala, noma ngezikhathi lapho kulindeleke khona ukuba izingane eziningi zibe ngabalaleli.

Inqubomgomo yokwakha izinhlelo ze-SABC iyavuma ukuthi nakuba isithuko sesaba yingxenye yokukhuluma kwemihla ngemihla, futhi sisetshenziswa kakhulu kumabonakude, siyazicunula izethameli eziningi. Ngakho-ke i-SABC iyazama ukusebenzisa uphawu lwesexwayiso ("L") uma uhlelo lunesithuko, ngenhloso yokunciphisa ukungaphatheki kahle kwezethemali ezinokuhlukumezeka. Imigomo okumele isetshenziswe imi kanje: • Emidlalweni (amadrama) noma ezinhlelweni zemibiko (amadokhumentri), ngaphandle uma kukhona izimo zokukhulisa ububi, ukusebenzisa iGama LeNkosi ngeze kungasetshenziswa emidlalweni ngesikhathi sabadala ngabalingiswa noma ngabantu abavezwa ezinhlelweni, uma kunesexwayiso solimi, okumele kuhambisane nokunqunyelwa iminyaka yobudala yezethameli • Esikhathini semindeni lawo mazwi kumele asuswe ngangokusemandleni. Ukukhalela phezulu komsakazo akuvumelekile. • Uma abethuli bezinhlelo besebenzisa ulimi olujivaza abalaleli – ngisho nasesikhathini sezinhlelo zabadala – kusho ukwephula imithetho.

## Umbuzo: Ithini inqubomgomo ngeqhaza lethu ngokusetshenziswa kolimi ezinhlelweni?

Inhlangano esakazela umphakathi iwumthombo osemqoka wolwazi namasiko, kanti ingaba nethonya emigomeni ngokusebenzisa kwayo ulimi. Ngakho-ke i-SABC kumele igcine imigomo esezingeni eliphezulu yobuqotho maqondana nokusetshenziswa kolimi. Le migomo imi kanje: • Ukungalusebenzisi ulimi ngenhloso yokushiya abantu beshaqekile • Ukungasebenzisi isithuko ngokungafanele • Ukungalwenqabeli ulimi olubi ezinhlelweni, kodwa luvunyelwe kuphela uma lunokuvikelwa ngokwesimo nobuqiniso • Nokuthi ulimi kumele lunake ukuzwelana nezenkolo.

## Umbuzo: Ithini inqubomgomo ye-SABC ngokubandlulula okuphathelene nokukhubazeka?

I-SABC iyavuma ukuthi abantu abakhubazekile esikhathini esiningi bazibona bekhishwa inyumbazana, nokuthi kuwumsebenzi wenhlangano esakazela umphakathi ukugqugquzela ukuba laba balaleli bazithole izidingo nezinhlelo ezihlinzekwa yiyo, nokuqinisekisa ukuthi abantu abakhubazekile bethulwa ngendlela efaneleyo ezinhlelweni zethu. Ngakho-ke i-SABC iphatha

abantu abakhubazekile ngenhlonipho ezinhlelweni zayo, futhi izibophezele ekuvezeni izindaba zokukhubazeka ngendlela engabhebhezeli izinkolelo ezingelona iqiniso ngabo. Sizibophezele ekucingeni izindlela ezikhulisa ukulethwa kwezidingo zabantu abakhubazekile. Uma kunokwenzeka, silwela ukubandakanya abantu abakhubazekile kulezo zinhlelo.

## Umbuzo: Kuyini okwenziwa yi-SABC ekulweni nodlame olubhekiswe kwabesifazane?

Izinqubomgomo eziphathelene nokuhlela ze-SABC zikubeka ngokucacileyo ukuthi okuqukethwe yizinhlelo, uma kwahlulelwa ngokwesimo, kumele kungalukhuthazi udlame olubhekiswe kwabesifazane, kungabavezi abantu besifazane beyizisulu zodlame nokuhlukunyezwa bengenakuzivikela, kungasehlisi isithunzi sabo noma kubukele phansi iqhaza labo nesikhundla sabo emphakathini, kungagqugquzeli ukucwaswa ngokobulili, kungaqinisi ukucindezelwa ngokobulili nezinkolelo ezingelona iqiniso ngabesifazane.

## Umbuzo: Kuvumeleke nini ukusakaza izigameko ezinodlame kumabonakude?

Imithetho yokuziphatha ibeka imigomo eqinile kakhulu yokuthi kunini lapho kumele kusakazwe khona udlame. Ukwengeza kulokhu, inqubomgomo yokwakha izinhlelo ye-SABC ithi izigameko eziqukethe imifanekiso enodlame ingasakazwa kuphela uma idingeka ngenhloso yokuveza ulwazi noma isimo esivumelekile ngokomthetho.

Ngakho-ke i-SABC inomthwalo wokungalwenzi lubukeke luluhle udlame, ngokwezinhlobo zalo, futhi akufanele ilukhuthaze. Kumele iluveze kuphela uma luzosiza ekuvezeni indaba, luvuse ububele, lugqugquzele ukusiza, noma lumele izigigaba njengoba zinjalo. Uma kuwukuthi luyasetshenziswa, izexwayiso kumele zibe khona. Inhloso ye-SABC akukhona ukubona ukuthi lungakanani udlame oluzobekezelelwa. Kunalokho kuwukuthola ukuthi sidinga olungakanani oluncane ukufeza inhloso, ngaphandle kokwehlisa izinga lokuhlela nobudrama.

## Umbuzo: Ngabe inqubomgomo ephathelene nokuhlela iyalivikela yini ilungelo lesithunzi somuntu nelokungaphazanyiswa?

Imithetho iyalela ukuba abezokuxhumana ngobuchwepheshe bomoya baqikelele kakhulu ezindabeni ezibandakanya impilo yangasese nasezintweni zangasese ezikhathaza abantu. Kodwa kumele kukhunjulwe ukuthi ilungelo lokungaphazanyiswa lingachithwa uma kunokuthile okufanele kuzuzwe ngumphakathi. I-SABC ilindele ukuba kuthathwe izinqumo zalolu hlobo ngokunaka imigomo yayo efanele.

## Umbuzo: Ngubani okufanele athathe izinqumo ngokufanele kubonwe noma kulalelwe zingane?

Izinhlangano ezisakazayo kumele zingazisakazi izinhlelo ezingazifanele izingane ngesikhathi iningi lazo linokulindeleka ukuba libe yizethemeli. Noma kunjalo, kukubazali ukuthatha izinqumo ngokuthi yini enokubukwa yizingane zabo, inqobo nje uma sisifeza isibopho sethu sokukhipha izexwayiso ezifanele ezenza abazali bakwazi ukuthatha isinqumo.

## Umbuzo: Ngizwe ukuthi ukuhlolelwa ukuhlunga kwamafilimu akukho emthethweni. Ngabe kuyiqiniso lokhu? I-SABC yona iluphatha kanjani lolu daba?

Inhlolakuhlunga yayenziwa esikhathini sakudala, lapho okuthandwa yingcosana kwakunakwa khona. Akusavumelekile kuMthethosisekelo omusha wakuleli, lapho kunemingcele eyingcosana ngokukhuluma ngenkululeko. Ngenxa yokuthi izethemeli ziyazikhethela, kukhethwa ukuhlinzeka izexwayiso emoyeni ukubasiza ekukhetheni kwabo. Ilungelo lomuntu aliguquki ekuthatheni isinqumo ngalokho afisa ukukubona nokulawula okumele kubonwe zingane.

## Umbuzo: Sibhekana kanjani nezikhalo ezivela emphakathini ngezinhlelo ezisakazwayo?

Izikhalo ezivela emphakathini ezamukelwa yi-SABC, eziphathelene nezindaba zenqubomgomo, noma ukuthobela imithetho, kubhekwana nazo ehhovisi leMenenja: Yokuthobela Ezokusakaza. Emva kokwamukelwa yiziteshi, noma omunye umnyango, kumele zedluliselwe kuleli hhovisi ngokushesha. Inqubomgomo ye-SABC wukubhekana naleso naleso sikhalo salolo hlobo.

Impendulo ihlelwa ngokubonisana nabaphathi baleso siteshi noma nenhloko efanele yezindaba ze-SABC, noma ngokubazisa ngempendulo. Izikhalo kumele zibe ngezabanhlinzeki bezidingo.

## Umbuzo: Ngabe i-SABC iyazilawula yini izikhangiso emisebenzini eyenzayo?

Yebo. Kuya ngokuthi i-SABC iyithobela kangakanani imithetho eyibekelwe yinhlangano yezezikhangiso, i-Advertising Standards Authority of South Africa. Nophiko lwezokudayisa nokumaketha nalo lugodle amalungelo okwamukela nokuchitha izikhangiso ezithathwa njengezingawufanele umphakathi noma eziphambene nezinqubomgomo ze-SABC.

## Umbuzo: Ithini imigomo ngezinkolelo ezingelona iqiniso ngabantu?

Siyavuma ukufaka, ezinhlelweni zethu, ukumeleleka okungenazo izinkolelo ezingelona iqiniso ngabantu abakhubazekile, ngabesifazane, ngabantu abansundu nabantu abathandana nababobulili obufana nobabo, nangabanye bakuleli ababelokhu becwaswa, esikhathini esiningi, ngabemithombo yezindaba eyaziwayo, noma ngabavezwa ngendlela engelona iqiniso. Nansi inqubomgomo ye-SABC ngalolu daba: 1. Ukuphatha wonke umuntu emphakathini ngenhlonipho 2. Ukungahlonzi abantu kuphela ngokuthi bavela kusiphi isizwe, nokukhuluma ngebala kuphela uma kusifanele isihloko okukhulunywa ngaso 3. Ukugwema ukukhuluma ngokukhubazeka ngokungafanele, kwazise ukuthi esikhathini esiningi kubonakala kuyisithuko noma kungukuntula okuthile, nokungalusebenzisi ulimi olungaveza isithombe esinjalo: isibonelo "ukungezwa ezindlebeni" noma "umuntu okhubazekile" kunokusebenzisa amagama afana "nenkubele" noma "isidalwa" noma "isishosha" 4. Ukungalusebenzisi ulimi olubandlulula ngokobulili ngenhloso yokugwema ukucunula abantu noma ukuveza isithombe – ngokuphindaphinda – sokuthi imisebenzi ethile ingenziwa kuphela ngabobulili obubodwa.

### Ukubuyekeza: Ukwakhiwa kwezinhlelo

• Ngabe konke okubalulwe ngenhla kusafanele yini? Ngabe zikhona yini izibonelo lapho cishe kumele kubekwe khona imingcele?

• Ezibonelweni eziningi – njengasezinqubomgomeni eziphathelene nodlame nezocansi nobunqunu – kukhishiwe emithethweni yakuleli yekhomishana

yezikhalo zezokusakaza. Uma kuwukuthi kufakiwe enqubomgomeni, ezibonelweni lapho kukhona, yikuphi okusemqoka okumele kuguqulwe emthethweni lapho kuthathwe khona leso sigatshana somthetho?

- Lesi sigaba sikufanele ngani ukusebenza ngokohleloxhumano noma ezinye izindlela ezingavamile zokuletha izidingo?
- Kulesi sigaba, nasezindabeni ezisematheni nezinye izindaba, kunokuzibophezela ekufezeni ukumeleleka ngokobulili. Kodwa, akukho kulokhu kuzibophezela okuchaza lo mcabango, futhi akukho ukuqondiswa ngendlela okumele kufezeke ngayo.
- Ingxenye enkulu yokwakhiwa kwezinhlelo iphathelene nemithetho yokuthibela. Akufanele yini ukuba kugxilwe kakhulu kokumele kwenzeke nokuthi kumele kwenziwe kanjani?

## Izinqubomgomo Zamanje: Izindaba

### Umbuzo: Ngabe isikhulu esiphezulu, i-GCEO, siyabalawula yini abezindaba nabakhi bezinhlelo?

Iqhaza lomhleli omkhulu lingeminye yemisebenzi eyenziwa yi-GCEO okumele lingaphanjaniswa nemisebenzi yezinhloko zemisakazo, zomabonakude, zabezindaba, zezemidlalo nezemfundo noma zabanye abahleli nezimenenja zeziteshi eziqashwe yi-SABC. Umsebenzi we-GCEO akukhona ukuthatha izinqumo ngokwakhiwa kwezinhlelo noma ngezindaba. Kodwa iBhodi le-SABC lijube i-GCEO okuyiyona okumele iziphendulele ngezindaba zonke nezinye izinhlelo, okusakazwa kwethulwe kuzo zonke izinhlelo ze-SABC zomsakazo, zikamabonakude, ze-intanethi nangezinye izindlela eletha ngazo izidingo.

### Ukubuyekeza: Izindaba

- Ngabe lokhu okubalulwe ngenhla (kanye nezinye izigatshana zomthetho) ezinqubomgomeni kusafanele yini? Kukuphi lapho kumele kulungiswe khona?
- I-SABC igxekwa kakhulu ngokuchema ekubikeni kwayo. Ngabe akhona yini amaphuzu athile ezinqubomgomo anokusetshenziselwa ukubhekana nalesi simo?
- Ekugxekweni kwe-SABC ngendlela ezibika ngayo, izinqubomgomo eziphathelene nokuhlela zingahlelwa kanjani ukuze abasebenzi bahlonyiswe ngamakhono okubika ngale nhlangano ngokupheleleyo nangokufaneleyo?

# Izinqubomgomo Zamanje: Ulimi

## Umbuzo: Kuyini ukuzibophezela kwe-SABC ngokuphathelene nokusakaza ngazo zonke izilimi ezisemthethweni?

Ukuzibophezela okusemqoka kumi kanje: • Ukuhlinzeka izinhlobonhlobo zezinhlelo ngobuciko nangeqophelo eliphezulu ngazo zonke izilimi ezili-11 ezisemthethweni ngemisakazo nangomabonakude, silwele ukuveza izidingo zalowo mphakathi ngolimi lwawo ekwakheni izinhlelo zethu • Ukugcina izinhlelo ezehlukile zemisakazo ngalolo nalolo limi ezilimini ezili-11 ezisemthethweni • Ukuphatha zonke izilimi ezisemthethweni ngokulinganayo ezinhlelweni zethu zikamabonakude • Ukudidiyela ulimi lwakuleli lokukhuluma ngezandla ekusakazeni njengendlela yokwenza izinhlelo zifinyelele kubantu abangezwa ngezindlebe • Ukulwela ukubandakanya nezinye izilimi ezingekho emthethweni, ezikhulunywa eNingizimu Afrika, ikakhulukazi isiKhoyi, isiNama nezilimi zamaSani.

## Umbuzo: Sithini ngezilimi ezingekho emthethweni nolimi lokhukhuluma ngezandla?

I-SABC izibophezele ekwethuleni izinhlelo eziseqophelweni eliphezulu zomsakazo ngezilimi zakuleli ezingekho emthethweni, ikakhulukazi isiKhoyi, isiNama nangezilimi zesiSani. I-SABC ikhulisa kancane kancane inani lezinhlelo ezisayinelwayo, ngokuqala ngokukhetha izindaba ezisematheni nezinye izindaba kanye nezigameko ezibalulekile ezweni. Kunemizamo eyenziwayo yokuhlinzeka ukutolika ngolimi lokukhuluma ngezandla uma kuqoshwa izinhlelo ngaphambi kwezethameli.

## Umbuzo: Kushoni "ukuphathwa ngokulinganayo" kwezilimi?

Igama 'ngokulinganayo' lisho ukuthi ngendlela enobulungiswa, ngokungakhethi, nangokufaneleyo — hhayi ukuthi kumele ziphathwe ngokulinganayo. Kulokhu, inhloso ye-SABC wukusakaza lolo nalolo limi olusemthethweni kumabonakude, ikwenza lokho ibe yenza isiqiniseko sokuthi izinhlelo zifinyelela kubabukeli abaningi ngangokusemandleni. Inhloso yethu wukwengeza ezinhlelweni zikamabonakude zikazwelonke ngokuhlinzeka izinhlelo zezifunda, njengokuyalela koMthetho Wezokusakaza (njengoba usuchitshiyelwe), kusalindwe amalayisense ezifunda enhlanganweni i-ICASA

nokwabelwa imali yiPhalamende. Ukulingana kufezeka ngokuhlanganisa izindlela zokukufeza, okuhlanganisa izinhlelo ngolimi olulodwa nangezilimi eziningi. Sizama ukuhlola ukusebenza kobuchwepheshe obufana nokutolikwa kwezinkulumo emafilimini, ngenhloso yokuqikelela ukuthi izinhlelo zifinyelela kubabukeli abaningi ngangokusemandleni. Ngezinye izikhathi le nhloso ifezeka kahle ngokusakaza ngezilimi zohlobo olulodwa noma ngezilimi eziqondwa yiningi. Uma kusetshenziswa le ndlela, i-SABC ilandelanisa ukusetshenziswa kwezilimi nganoma ngabe yiliphi iqoqo lezilimi ezifanayo ngenhloso yokufeza ukulingana.

## Umbuzo: Ithini indlela yethu yokusakaza ngezilimi eziningi?

I-SABC iyalazi iqhaza elingabanjwa yizinhlelo zezilimi eziningi ekugqugquzeleni ulwazi nokuqondwa kwezilimi namasiko ehlukehlukene ezweni lethu. Lezo zinhlelo, uma zisetshenziswa ngobuciko, nazo zingafinyelela ezethamelini eziningi. Ngokunjalo, i-SABC ikhuthaza ukudidiyelwa kwezinhlelo ngezilimi eziningi njengendlela yokufeza izinhloso zayo zokusakaza ngezilimi. Izinhlelo zezilimi eziningi zisho izinhlelo ezihlanganisa inani lezilimi ezisemthethweni ezingaphezu kolulodwa.

## Umbuzo: Ezilimini zakuleli ezivunywa yizinqubomgomo, yiziphi ezikhishwa inyumbazana kunezinye?

IsiTsonga, isiVenda, isiSwati nesiNdebele yizilimi ezithathwa njengezikhishwa inyumbazana kakhulu kunezinye. Omunye umthwalo wezikhungo ezifana ne-SABC wukubhekana nalokhu kukhishwa inyumbazana kwezilimi.

## Umbuzo: Yimaphi amaphuzu okumele anakwe uma kuthathwa izinqumo ngesikhathi okumele sinikezwe lolo nalolo limi kumabonakude?

IEkwabeleni lolo nalolo limi isikhathi, i-SABC kumele inake lokhu:

• Inani labakhuluma ulimi lwebele endaweni esakazelwa yisiteshi

• Ukusabalala kolimi endaweni • Ukuthi amalungu omphakathi aziqonda kangakanani ezinye izilimi. • Ukuthi ulimi lukhishwa kangakanani inyumbazana • Ukuthi ezinye izakhamuzi zakuleli ziluqonda kangakanani lolo limi • Izinsiza ezitholakalayo.

### Ukubuyekeza: Ulimi

• Ngabe lokhu okubalulwe ngenhla (nezinye izigatshana zomthetho) ezinqubomgomeni kusafanele yini? Kukuphi lapho kumele kulungiswe khona?
• Ukuzibophezela ekulungiseni isimo esedlule sokungalingani, ngaphandle kokubheka ukuthi ukwabelwa kwezinsiza kuyakunaka lokhu, kodwa hhayi ngaphezu kwalokho, ngabe imigomo ephathelene nokuhlela kumele ikufake yini lokho kuzibophezela. Uma ikufaka, ngabe kuchaziwe yini ukuze kubonise ukuthi lokhu kungalingani kwesikhathi esedlule kumele kubhekwane nakho kanjani?
• I-SABC kumele ithini ngokukhula kolimi? Kulungile yini ukukhuluma ulimi olungelona ulimi lwangempela? Kufanele yini ukuba i-SABC ivikele ulimi lwangempela?
• Ngabe i-SABC kumele izithathe njengomgcini wolimi? Ilulinganisa kanjani ulimi lwangempela? Zili-11 izilimi ezisemthethweni zakuleli, kanti lolo nalolo lukhulunywa ngezindlela ezingafani. Kusetshenziswa siphi isilinganiso solimi lwesigodi oluthathwa njengolimi oluyilonalona?

## Izinqubomgomo Zamanje: Izinhlelo Zakuleli

### Umbuzo: Yimiphi imikhakha emithathu yezindaba zakuleli enqunywe yinhlangano i-ICASA?

Amanani omhlaba ezindaba zakuleli anqunyelwe leso naleso siteshi sikamabonakude. La manani ayalela ukuba iphesenti lesikhathi sokuba semoyeni phakathi kwehora lesi-05:00 nele-23:00 kumele linikwe izindaba zakuleli. La manani omhlaba abeka umehluko phakathi kukamabonakude womphakathi nokhokhelwayo • Amanani ezinhlobo zezinhlelo. La manani athi uma isiteshi sikamabonakude sinohlobo oluthile lohlelo (njengedrama), iphesenti lalolo hlobo lohlelo kumele linikwe izindaba zakuleli. Izinhlobo zezinhlelo zichazwa emithethweni ye-ICASA kanti zibandakanya imikhakha eyisithupha elandelayo: idrama, ukwakha ulwazi olunganqunyelwe mithetho, ezabantwana, ezemfundo, amadokhumentri nezisematheni. Kulowo nalowo mkhakha kunqunywe iphesenti. La manani abeka nomehluko phakathi kukamabonakude womphakathi nokhokhelwayo • Amanani okudidiyela izinhlelo okuzimele. Lapha umyalelo uthi iphesenti lenani lonke seliphelele lezindaba zakuleli eziba semoyeni kumele linikezwe izinhlelo zikamabonakude ezizimele. La manani awawubeki umehluko phakathi kwezidingo zomphakathi

nezikhokhelwayo. Wonke la manani abekwe emithethweni enokubuyekezwa yi-ICASA njalo nje eminyakeni emithathu.

### Ukubuyekeza: Izinhlelo eziqukethe ezakuleli

• Ngabe okubalulwe ngenhla (nezinye izigatshana zomthetho) ezinqubomgomeni kusafanele yini? Kukuphi lapho kumele kulungiswe khona?
• Izinqubomgomo zibophezela i-SABC ekuthuthukiseni izinhlelo eziqukethe izindaba zase-Afrika. Sibhekana kanjani nalokho?
• Ngabe i-SABC inazo yini izibopho zezinhlelo eziqukethe izindaba zakuleli ngaphezu kokuletha kwayo izidingo ezinelayisense. Uma kunjalo, ngabe kumele kuvele yini lokho ezinqubomgomeni eziphathelene nokuhlela?
• Ekuqaleni kwale ncwadi, kuvezwe udaba lokuphathwa kahle kokuqukethwe yizinhlelo ngenhloso yokwenza umsebenzi wokusakazela umphakathi, njengodaba okumele kubhekwane nalo. Lena yindawo efanele yokukwenza lokho.

## Izinqubomgomo Zamanje: Ukusakazwa Kwezenkolo

### Umbuzo: Sabelwa kanjani isikhathi sokusakaza izinhlelo zezenkolo?

Ekwabeleni amaqoqo ezenkolo isikhathi sokusakaza, i-SABC izibophezele emgomeni wokungakhethi, ewusebenzisa ekunqumeni isikhathi esabela lelo nalelo qoqo lezenkolo. Lokhu kwabelwa kwesikhathi kwenziwa njalo eminyakeni emithathu, emva kokubonisana nepheneli yokusakazwa kwezenkolo, i-Religious Broadcasting Panel (i-RPB), ngokunaka lokhu: • Imininingwane ngephesenti labantu kulelo nalelo qoqo lezenkolo, ngokwemininingwane yakamuva yokubalwa kwabantu. • Isidingo sokuba lelo nalelo qoqo lezinkolo ezinabantu abaningi libe nohlelo olwanele lwenkolo yalo • Isidingo sokuvezwa kwazo zonke izinkolo ezinhlelweni zezenkolo • Isidingo sokwakha izinhlelo ezibandakanya izinkolo eziningi • Isidingo sokulungisa ukungalingani ekusakazweni kwezinkolo.

### Umbuzo: Kungani inqubomgomo yezinhlelo zezenkolo inaka ngokukhethekile inkolo yama-Afrika?

Ukusakazwa kwezenkolo kumele kuzame ukubheka isimo futhi kube ngokufaneleyo, kuveze ubunjalo be-Afrika. Ekulungiseni lesi simo sokunganakwa

kwamasiko ase-Afrika kwabemithombo yezindaba zomphakathi, kunakwa ngokukhethekile inkolo yase-Afrika namasiko abomdabu bakuleli.

### Ukubuyekeza: Ukusakaza Ezenkolo

• Ngabe okubalulwe ngenhla (nezinye izigatshana zomthetho) kulezi zinqubomgomo kusafanele yini? Kukuphi lapho kumele kulungiswe khona?
• Izinqubomgomo zezenkolo zibeka ukulawula ukuhlelwa kwezinhlelo zokuzindla ngaphandle kwe-SABC. Inqubomgomo ibuye ivumele ukusungulwa kwepheneli yokusakaza ezenkolo, i-Religious Broadcasting Panel, ezobika eBhodini, ichaze ukwabela amaqoqo ezenkolo ehlukene ngesikhathi, nokuxhumana nemiphakathi yezenkolo. Kokubili lokhu kubonakala kungukuqedwa kokulawula kokuhlela kwe-SABC, okumele kubhekwane nakho.
• Udaba olusemqoka kakhulu oluvelile ngokuphathelene nokusakazwa kwezenkolo, kube wukuthi ukuzicabangela nje ngobumqoka bokusakazela izinkolo ezehlukene kufanele yini.
• Ngabe kusafanele yini ukuhlonza izinkolo ezineningi labantu? Uphathwa kanjani umehluko omkhulu oye ube khona ezinkolweni, isibonelo, inkolo yobuSulumane, yobuJuda neyobuKrestu?
• Izinhlelo ezikhokhelwayo sezivezwe njengeziyinkinga ekusakazeleni umphakathi ezenkolo. Kodwa izinqubomgomo eziphathelene nokuhlela ziyakuvumela lokhu. Kufanele yini?

## Izinqubomgomo Zamanje: Ezemfundo

### Umbuzo: Yimiphi imikhakha eyisithupha lapho i-SABC ihlinzeka khona izinhlelo zezemfundo kuzo zonke izidingo ezilethayo?

Ngokususela eMthethweni Wezokusakaza, i-SABC ihlonze le mikhakha elandelayo yezinhlelo zezemfundo: • Ukukhula Kwezingane Eminyakeni Yazo Yobudala Yokuqala • Izingane Ekhaya • Ezemfundo Enqunyelwe Imithetho • Ukukhula Kwentsha • Ukuthuthukiswa Kwabantu Nabadala • Ezemfundo Yomphakathi

### Umbuzo: Kuyini okuseqhulwini lwezidingo zezemfundo?

I-SABC yenza isiqinisekiso sokuthi izinhlelo zayo zezemfundo zilungisa ukungalingani emlandweni wokuhlinzekwa kwezemfundo, ikakhulukazi, kodwa

hhayi khona kuphela, lokho okususelwa ebuzweni, ubulili nokukhubazeka. I-SABC ixhumanisa ukusakazwa kwezinhlelo zayo zezemfundo nezindaba nezidingo zezemfundo zikazwelonke eziseqhulwini. Yeseka ukufezwa kwezemfundo egxile emiphumeleni, emfundweni eqhubekayo, kanye nasekuxhumaneni kwezemfundo nezinto umuntu azifundayo empilweni.

## Umbuzo: Ngabe inqubomgomo ye-SABC yezinhlelo zezemfundo izibophezele emfundweni enqunyelwe imithetho noma kwenganqunyelwe mithetho noma kuzo zombili lezi zinhlobo zemfundo?

I-SABC izibophezele ekuhlinzekeni izinhlelo zezemfundo eziletha izinto ezintsha zeqophelo eliphezulu kuzo zonke izinhlelo zethu zomsakazo nomabonakude, okuhloswe ngazo ukuhlangabezana nezidingo zokufunda okunqunyelwe imithetho nokunganqunyelwe mithetho kwazo zonke izethameli zethu, okuhlanganisa izingane, intsha nabadala.

### Ukubuyekeza: Izinhlelo Zezemfundo

- Ngabe okubalulwe ngenhla (nezinye izigatshana zomthetho) kulezi zinqubomgomo kusafanele yini? Kukuphi lapho kumele kulungiswe khona?
- Ezemfundo yiyona ngxenye kuphela yezinqubomgomo ebhekene kakhulu nezinhlelo zezingane. Kodwa uhlelo lukaReith lokuthokozisa nokwazisa luyasebenza nasentsheni. Impela uyadingeka umyalelo wezinqubomgomo ezinhlelweni zezingane.

## Ngingayitholaphi ikhophi yalezi zinqubomgomo zamanje?

Ukuzitholela ikhophi yakho yezinqubomgomo zamanje ngena kulesi sizindalwazi esithi: www.sabc.co.za/editorialpolicy

## Ngingayithola kanjani eminye imininingwane ngokubuyekezwa kwezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela?

Ukuthola eminye imininingwane thumela i-imeyili kuleli khethi elithi: editorial@sabc.co.za noma ushayele kule nombolo ethi: (011) 714 9111

## Ngingazithumela kuphi izethulo zami kwabezinqubomgomo eziphathelene nokuhlela?

Ungathumela isethulo sakho ngokusebenzisa le migudu elandelayo:

Nge-imeyili: editorial@sabc.co.za

Ngeposi: Editorial Policies
Private Bag X1
Auckland Park
2006